



MINISTRY  
PUBLIC SERVICE AND ADMINISTRATION  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**INKULUMO KANGQONGQOSHE N.  
KIVIET AYETHULE NGESIKHATHI  
KUNESIGCAWU SOKUXOXISANA  
MAQONDANA NENDLELA  
YOKWENGAMELA KANYE NE-*BRICS*  
EHHOTELA I-*HILTON*, E-*SANDTON*  
MHLA KA 19 KUNCWABA 2023 , NGO-  
13H30**

Mqondisi Wohlelo

Mengameli Wobuholi Bethimba Lase-*China* Lezokuxhumana

Kumazwe Ngamazwe

Ubuholi Bezemfundo Yezamazwe e-*China*

Isikhulu Esiphezulu sesiGungu Sezocwaningo Lwezesayensi Yabantu

Isiphathimandla se-*National School of Government*

Amalungu kaHulumeni angamanxusa omphakathi

Amalungu asuka emazweni e-*BRICS*

Abaqondisi Jikelele, izinhloko zezikhungo zahulumeni kanye nabaphathi

babasebenzi

Amalungu ezemfundo

Amalungu abezindaba

Izihambeli ezihloniphekile, izikhulumi kanye nababambiqhaza

esinabo namhlanje

Sanibona!

Kuyintokozo enkulu futhi ngiyathobeka kakhulu ngokuba nginamukele nonke kule Ngqungquthela ye-*BRICS* Yokuxoxisana Ngendlela Yokwengamela Nokuthekelana Ngosikompilo ngaphansi kwengqikithi ethi **“Ukukhuthaza Uhlelo Lwempucuzeko Yesimanje Emhlabeni”** nokuyinto angaba nomthelela empumelelweni yokukhula ngesivini, intuthuko esimeme kanye nokuhlanganisa amazwe amaningi ngokwengqikithi yeNgqungquthela ye-*BRICS* esingethwe yiNingizimu Afrika njengoSihlalo kulo nyaka. Inggikithi yeNgqungquthela ye-*BRICS* yalo nyaka kanye naleyo yeSigcawu Sokuxoxisana kusivezela inhloso kanye nezindlela zokufeza izifiso esinazo zokusisimamisa kwezentuthuko ngokunjalo nokwabelana ngendlela eya phambili ye-*BRICS* njengamanje nasekuhlabeni phambili.

Le ngqikithi imelele isifiso sokubunjwa komhlaba onobulungiswa. Iphinde futhi imelele isigaba sokuthuthuka kwethu kanye nesidingo sokuqeda ububha. Sibhekene nomqansa womsebenzi ekwakheni ubumbano ekuzikhuliseni, ukulandela indlela yethu yokuzithuthukisa, ukuba nezwi ezinhlelweni zezokusimama kanye nokwengamela umhlaba jikelele ngokuthi sidale ubambiswano lwamazwe. Lesi Sigcawu Sokuxoxisana ngendlela yokwengamela senzeka ngesikhathi uhlelo lokwengamela umhlaba jikelele lusidinga kakhulu ukuze luzakhe kabusha lubandakanye zonke izimo luphinde luhlukane nomcabango wokuba ngawedwana kuphela kepha lubhekelele nokwahlukahlukana nezinto eziningi ezingamaqiniso.

Umhlaba usushintshe kakhulu futhi uyaqhubeka nokushintsha usuku nosuku, lokhu-ke kudinga ukuba nendlela yokwengamela nayo ishintshe. Akufanele ukuthi kube nokudembesela endleleni okwenganyelwa ngayo. Kufanele kushintshwe indlela yokwenza ukuze simelane noshintsho lwangaphakathi nolwangaphandle kanye nokushintsha ukuze sihlangabezane nezifiso zethu. Labo abangayishintshi indlela yokwengamela bazibeka engozini yokusilela ngemuva futhi kucekeleke phansi igunya abanalo. Uhlelo lokwengamela umhlaba jikelele kufanele luvuselelwe kabusha ukuze lumelane nezinkinga ezahlukene ngaphandle kokubeka ubumqoka bethu esimweni esiphambene nalokho okudingekayo. Uhlelo lokwengamela umhlaba jikelele ngokumaqondana nokuba ngawedwana lukhinyabeza amazwe aseNingizimu ngokokuzikhethela.

Uhlelo Lwempucuzeko Emhlabeni nokuyilo olungumongo wengqikithi yeSigcawu sokuxoxisana kuhloswe ngalo ukuqeda ukuba ngawedwana okwenzeka ngokusobala, uhlelo olulodwa lokwengamela, impucuko, indlela eyodwa yokwazi kanye nohlelo olulodwa lomnotho kube ngumhlaba onezinhlelo ezahlukahlukene nokukhuthaza ukuhlalisana kanye nokubambisana komphakathi owahlukene ukuze kufezekise izifiso zethu. Uhlelo Lwempucuzeko Emhlabeni lumelele ukuhlonishwa kwempucuko ehluukahlukene, lugqugquzela lokho esikufisayo okungaba ukuthula, inkululeko, ukulingana kanye nentuthuko luphinde lukhuthaze ukuqiniswa kwezingxoxo zabantu ukuze kuphoqeletwe ukuvumelana.

Ukungavuselelwa kohlelo lokwengamela umhlaba jikelele kanye nezimo zohlelo lwezezimali zomhlaba kwenza kube nzima ukuthi amazwe aseNingizimu akwazi ukubona ukuthuthuka kwawo ngokuphelele. Amazwe aphoqelekile ukuba avuselele izinhlelo zawo zokwengamela kuzwelonke ukuze zilekelele namanye amazwe angakubhekeleli ukwahlukahlukana kwesimo sendawo. Izinhlelo zokwengamela ezingakubhekeleli ukwahlukahlukana kwesimo sendawo zivame ukuphazamisa ukuthula futhi zibukela phansi intuthuko.

Lesi Sigcawu senzeka ngesikhathi iNhlangothi Yezizwe igqamisa ukuthi ibukeka imvimba impumelelo yokuqeda ububha ngo-2030 njengokwesivumelwano sabaholi bezomhlaba sango-2015 njengoba ububha emhlabeni busadla lubi emazweni aseNingizimu. Udaba lokuthuthuka komhlaba jikelele lusabuswa ukungafani kanye nokungalingani phakathi kwamazwe aseNingizimu kanye naseNyakatho. Amazwe aseNingizimu kumele akuzabalazele ukufezekisa izifiso zayo zokuzithuthukisa kanye nesimo senhlalo kanti amazwe asenyakatho wona asekuzuzile okuningi maqondana nezinhlelo zokuzithuthukisa. Uxhaso lwezimali luhlala lwentuleka futhi luvame ukuza ngendlela yemalimboleko nemibandela eyahlukene nanoma ngabe udaba lwesikweletu luyinkinga kangakanani emazweni aseNingizimu.

Njengoba sihlanganyele kulesi Sigcawu, masisebenze ndawonye ukuze siqhubeke nokuzivuselele kule minxa elandelayo ngenhloso yokuba yizinhlelo ezinamakhono afanele kuwo wonke amazwe:

## **Ukuqinisa Indlela Yokwengamela**

Amazwe e-*BRICS* kumele aqhubeke nokusebenzela ukuguqula izinhlelo zokwenganyelwa kwamazwe kanye nezindawo zawo ngendlela enomthelela ekuthuthukiseni ngokulingana emhlabeni jikelele ngenhloso yokwabelana ngokulinganayo kubantu bonke. Mayelana nokuqinisa amandla okwengamela, uMengameli *Xi Jinping* usifundisa ukuthi uhlelo lokwengamela amazwe kanye namandla okusebenza yiwona munxa omqoka ezinhlelweni ezikhona kanye nalezo zokwengamela ngendlela efanele. Lezi zinhlelo ziyahambisana. UMengameli *Xi Jinping* uphinde wagcizelela ukuthi amagugu kanye nosiko lwezwe, ngokunjalo nezinga lentuthuko yezenhlalakahle nezomnotho kubonisa uhlobo lohlelo lokwengamela olufanele lelo lizwe, kanti-ke lokhu kunqunywa abantu balelo lizwe. Akukho mbono ongaphikisa lokhu ekutheni kungaphumeleli futhi ingabibikho impucuzeko emphakathini osebenza ndawonye ngenhloso yokuzuza izifiso ezifanayo.

## **Ukuguqulwa kwezikhungo**

Kudingeka ukuba sihlale ngokushintsha njengemiphakathi ehlukene maqondana nokuthi singazakha futhi siziqinise kanjani izikhungo zethu ukuze zihlinzeke ngezinsiza ezingcono kakhulu kubantu esibasebenzelayo nokuyibona abagunyaza ukusebenza kwethu. Kudingeka ukuba sakhe izikhungo ezikwaziyo ukumelana nezimo, eziguqukayo futhi ezinobuhlakani. Kuyinto eqaphelekayo ukuthi izikhungo ezisebenza kahle ziyinto esiyidingayo impela ukuze sikwazi ukwenza kanye nokuphumelela ekuguquleni inhlalo-mnotho. Lokhu-ke yikhona okwenza kube nesidingo sokwakha izikhungo ezinamandla okusebenza, ezisebenza ngendlela futhi ezikwaziyo ukusebenza ngokufanele ekuthuthukiseni kanti-ke ukushintsha komnotho kungumunxa omqoka emazweni amaningi athuthukayo.

Lawo mazwe asephumelele ukuzithuthukisa asekwazile ukuthuthukisa izinkulungwane zabantu futhi akwazi ukubamba umgqigqo wawo nakuba kunezinkinga neziphithiphithi. Lokhu kusho ukuthi, ayakwazi ukumelana nezinguquko zangaphakathi nezangaphandle kanye nezimo ezingalindelekile futhi ayakwazi ukushintsha indlela yokusebenza kuthi lokho okuyinselelo akwamukele njengethuba lokuzibonakalisa. Amazwe

asephumelele ukuzithuthukisa abeka eqhulwini uguquko lwenhlalo-mnotho kanye nokuzikhulisa okubandakanya wonke umuntu, agxila kakhulu kwezenhlalakahle yabantu. Ukugcineka kahle kwalawa mazwe kwesekwa ukuba semthethweni kwezinhlelo zawo kanye namakhono abasebenzi bahulumeni.

## **Ukuqinisa Ubambiswano Lwezentuthuko**

Ubambiswano lumqoka ekwabelaneni ngezinsiza kanye nobungcweti ukuze sizuze lokho esikufisayo. Uhlelo Lwezokugcinwa Kahle Kwentuthuko kuya ku-2030 luqhakambisa ukuba kubanjiswane ukuze kushaye unyaka ka-2030 buphelile ububha emhlabeni jikelele. Nakuba kunjalo, kunezenzo zokuzibhekelela, ukungalingani kwezezimali kanye nentuthuko ngokunjalo nokuncintisana ngezinto phakathi kwamazwe aseNyakatho naseNingizimu. Lokhu kuphazamisa izinhlelo zethu zokuba sithuthuke. Ukugxila kwe-*BRICS* ekwaziseni nasekuhlonipheni ukwehlukahlukana kuyisibonelo esibalulekile sokubonisa ubambiswano lwezentuthuko. Kufanele siqhubeke nokuqinisa ukubambisana kwethu ukuze seseke ukuguqulwa kabusha kwezikhungo kanye nokuvuselela amandla okusebenza ngokulindelekile kukahulumeni ekuzuzeni impumelelo ekuguqulweni kwenhlalo-mnotho.

Uhlelo lwe-*BRICS* lumelele ubudlelwano bamazwe aseNingizimu nobubonakala ngokusobala emazweni amaningi asathuthuka. Njengoba imibiko ye-*UN* iveza ukuthi ayicaci inqubekelaphambili ekuqedeni ubuphofu emhlabeni, uhlelo lwe-*BRICS* kumele lusebenzele ukuqinisa ukubambisana ngenhloso yokusimamisa intuthuko kanye nezifiso ezifanayo zamazwe aseNingizimu. Uhlelo lwe-*BRICS* kumele luqhubeke nokulandelela uguquko endleleni yokwengamela ezinhlelweni zamazwe ngamazwe kanye nakuwona wonke amazanga okugqugquzela uguquko kwezomnotho, kugxilwe entuthukweni ebandakanya futhi ibe nokulingana kwezentuthuko nokukhuthazwa kokusebenzisana kwabantu babe nokuvumelana nokuthembana ngokushintshwa kwezinto zihambisane nesimanje.

## **Ukubonisana komunye nomunye**

Ukubonisana komunye nomunye kulesi simo ngaphansi koHlelo Lwempucuzeko Emhlabeni kufanele kube ukuthi sikuqonda ngokwedlulele ukubaluleka kokwabelana ngezimo zoguquko kanye nokunikelela ngamakhono oguquko ekulungiseleleni abantu abasha ngomsebenzi wengomuso kanjalo nokucija amakhono ngokwahluka kobuchwepheshe emazweni aseNingizimu.

Bafowethu nodadewethu, bozakwethu abathandekayo, siphila esikhathini sezimo zokwehlukahlukana kanye nokungaqiniseki ngezimo. Lokhu akumele sikubheke njengesikhathi sobunzima obukhulu uma sinezikhungo ezisukumela phezulu futhi eziguquguqukayo ukumelana nezimo. Kufanele sisebenze ngokusemandleni ukuze siqhubeke nokuthuthukisa indlela yokwengamela nokuqinisa ubambiswano ukuze sifeze lokho esikufisayo.

Nginifisela ukuxoxisana okunempumelelo kanye nobudlelwano obungenamkhawulo.

Ngiyabonga.